**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YOMNGCWABO EMPOLWENI NGOMGQIBELO MHLAKA 08 OCTOBER 2011**

Mangibonge mphathi wohlelo.

Abefundisi;
AmaLungu esiShayamthetho;
UMeya waseMshwati uKhansela uGwala;
AmaKhansela akhona;
Imboni yezokuThutha uMphakathi;
Abakwa-Weastmead Logistics;
Abezindaba;
Ngokukhethekile ngibingelele imindeni yabasishiyile ekwazile ukuba lapha;
Bese ngibingelela umphakathi wonke;
Ngithi ngiyanibingelela egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Masiqale ngokubonga ukuthi egameni likaHulumeni wesifundazwe omelwe ikakhulukazi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, sithole leli thuba lokuba yingxenye yale nkonzo yokuphelezela abafowethu nodadewethu abasishiye kabuhlungu ngale ndlela.

Siyabonga kakhulu nasemphakathini ophumelele ngobuningi bawo ukuzozimazisa imindeni nokukhombisa ukuthi njengabantu, kuyisiko-mpilo lethu ukuthi ezikhathini ezinjena sibe munye sibambane ngezandla, sihlanganyele ndawonye ukuzobhongela emswanini.

Siyakukhuthaza kakhulu lokho – Ubuntu lobo – umuntu ungumuntu ngabantu. Kukhulu kwabahanjelwe ukuthi sinabo namuhla ukuzokhalisana nabo ngalo mshophi obavelelele.  Siyabonga kunina nonke enikhona lapha.

Mphathi wohlelo nabefundisi bami, angiyena umuntu owazi kahle iBhayibheli ngezahluko namavesi njengoba kunjalo. Kodwa namhlanje ukucaphuna phakathi kwezinto ezishiwo laphaya ku-Isaya 5: 1-7, lapho kuthiwa:

"Nganginesivini sewayini egqumeni elivundileyo lapho ngangitshale izithombo zekhethelo. Ngangethembe ukuthi sizothela amagrebhisi amnandi, kepha sathela amuncu. Manje-ke nina bantu yahlulelani phakathi kwami nesivini sami. Yini okumele yenziwe ngesivini sami engingakwenzanga"?

Ngibalula leli vesi nje bazalwane, yingoba namhlanje thina njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukutshala imbewu yekhethelo kwezokuphepha emgwaqeni, kodwa sibona abantu bakithi besinikeza izithelo ezimuncu njengoba sisahambela izinkonzo ezinjengalezi izikhathi zilandelana.

Siyazibuza-ke ukuthi ngempela kungani kuthi lapho sithembe ukuthi sizothola izithelo ezimnandi kepha sithole ezimuncu kanje? Siyazibuza ukuthi ngempela kanti kwakhala nyonini emigwaqeni yethu?

Imigwaqo yethu kulezi zinyanga ezimbalwa nje isiphenduke isigodi sokufa uqobo. Angisayiphathi-ke njengoba sibheke emaholidini kaKhisimusi, sesiyazibuza siyaziphendula ukuthi kuzoba njani uma kumanje kunje?

Bheka nje ishwa nehlazo esibhekene nalo lapha - kusukela mhlaka 1 August 2011 kuze kube manje sesilahlekelwe ngabantu abangaphezulu kuka-720 esifundazweni sethu. Lesi yisibalo esikhulu kabi sabantu abahambe emhlabeni ezinyangeni ezimbili nje kuphela.

Abantu bakithi bafa ngabahlanu ngashumi ngangaphezulu ngesikhathi esisodwa. Iviki neviki umuntu usehlale ecabanga ukuthi engabe kuleli bangaki esizobavalelisa, kuphi?

This is wrong and unacceptable – njengoHulumeni-ke asikwamukeli-ke loku – kudingeka izinyathelo ezinqala ukuze lesisimo sinqandeke.

Konke lokhu kwenzeka nje, uHulumeni usebe nemikhankaso eminingi eqwashisa ngokuphepha emgwaqeni. Kule mikhankaso kuphinda kusetshenziswe zona izimali kuchitheke nesikhathi esiningi kuncengwa abantu ukuba baziphathe kahle emgwaqeni.

Sikhuluma nje, akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomgwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emgwaqeni.

Kodwa uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho, ikakhulukazi nalona wokusika kungafanele osudale izingozi eziningi lapho izimoto zishayana mahlanze okwezinkunzi zamagusha.

Ngenxa yokwephulwa kwale mithetho, uHulumeni uphinda achithe imali eningi eqeqesha aphinde aholele amaphoyisa azogada izephulamthetho emgwaqeni. Manje yini-ke bakwethu okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani?

Njengesifundazwe saKwaZulu-Natal, sesiphumele obala sathi siweseka ngokuphelele umkhankaso wokuba kwehliswe umgomo wejubane lisuke ku-120 km/h liye ku-100 km/h emigwaqeni yaleli lizwe.

Okusempeleni kuningi esesijube ikomiti lethu lezokuphepha emgwaqeni ukuba likubheke ukuze silwe nale nkinga yokwephulwa kwemithetho yomgwaqo, okudala izingozi.

Njengamanje sesibheka ukuthi singakwazi yini ukubamba ngempumelelo izimoto zabantu abaphula imithetho bephindelela. Sizobuye sibheke nokuthi ngeke yini sikwazi ukudlulisela ezinhlakeni zokuxoxisana kuzwelonke, udaba lokuthi izimoto, ikakhulukazi ezithwala umphakathi, zinswinywe zingakwazi ukudlula ejubaneni elinqunyelwe.

Okunye futhi esikusekela ngokuphelele, ngukushintsha kweNational Prosecuting Authority (NPA) indlela ababheka ngayo amacala athinta ukufa kwabantu emgwaqeni.

Kuyinkolelo yethu ukuthi amacala okubulala ngokungenhloso kumele athathwe njengawokubulala ngenhloso uma kubonakala ukuthi abantu babulawe ubudedengu bomshayeli okufanayo nokwenza into ngamabomu noma ngenhloso.

Sikusho loku  ngoba uma uwumshayeli oqeqeshiwe musa phela ukuyephula imithetho yomgwaqo ngoba uyayazi futhi ukuqonda kahle kamhlophe ukuthi yabekelwa kona loko ukuthi kungenzeki izinto ezifana naloku okusihlanganisile namuhla.

Ubudedengu bakho abungabi yinkinga yethu sonke silahlekelwe yizimpilo zabantu, izingane ziphenduke izintandane ngenxa yakho. Kuthina umshayeli obudedengu, onganaki futhi ongenandaba nomphumela wezenzo nokuziphatha kwakhe emgwaqeni uyafana nje nomuntu obulale omunye umuntu ngenhloso ngoba uyayazi imiphumela yokushayela ngesivinini ahambe ephula imithetho yomgwaqo.

Sizwile-ke nalapha ukuthi umshayeli wetekisi ugcine ebekwe amacala okubulala. Nakwenye ingozi eyenzeke e-Kokstad ngo-August, umshayeli wetekisi wagcina ebekwe amacala okubulala.

Lokhu sikubona kuzothumela umyalezo oqinile manje kulabo abashayela umathanda bese bebulala abantu emgwaqeni.

Sikutholile futhi ukuthi kusukela kwenzeke le ngozi, baningi asebenze izincomo zokuthi mhlambe kumele kuqiniswe kakhulu odabeni lokuqeqeshwa kwabashayeli bamatekisi.

NjengoHulumeni sihlale sizivulile izandla ukwamukela noma yiziphi izincomo uma zihlose ukusiza izimpilo zabantu. Siyazi ukuthi ngokubambisana nezinhlangano yemboni yamatekisi singaqhamuka nezindlela zokuqinisekisa ukuthi abashayeli bayahlolwa njalo emva kwesikhathi esithile, kubhekwe namacala omgwaqo asebewenzile ukuze kubonakale ukuthi basakulungele yini ukuthwala umphakathi.

Selikhona-ke nethimba esesilisungulile singuHulumeni elibizwa nge-Red Spot Team elakhiwe ngamalungu asemkatshubomvu ophiko lwe-Special Operations Unit, oluhlanganisa namalungu kaShanela wodumo. Laba bazobhekana nalezo zindawo ezihlonzwe njengezihlaselwa kakhulu izingozi, bafike balekelele amaphoyisa endawo ekuqiniseni umthetho.

Mangiphinde ngizwakalise ukuxolisa emindenini ukuthi siyaphoqeka ukuthi sikhulume kanje ezinkonzweni ezinjengalezi. Izehlakalo ezinjengalezi yizo esigcina sesizisebenzisa ukuxwayisa abanye ukuthi bangazitholi sebekulesi simo nabo futhi.

Sithi-ke siyazi futhi ukuthi amalungu emindeni esizoyiduduza yiwona asenkingeni enkulu ngoba kuwona kufana nokuthi kuxebuke inyama.  Siyazi futhi ukuthi uma sekunje busuke sebuchitheke bugayiwe, okusempeleni awekho amagama nemali noma impahla okungavala isikhala somuntu ekhaya.

Nakuba kunzima kodwa mangithathe leli thuba ngithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sifisa ukududuza imindeni yalaba:

| | |
|---|---|
| 1. Khisa Musi Shangase (71) | 9. Nhlanhla George Thabethe (15) |
| 2. Thembi Zanele Zondi (52) | 10.Thulanezwi Mthethwa (23) |
| 3. Thabisile Precious Shozi (21) | 11. Thokozani Sokhela |
| 4. Gabisile Pretty Ndlovu (19) | 12. Sifiso Innocent Nkala (42) |
| 5. Phindile Priscilla Dube (37) | 13. Busisiwe Dlamini (46) |
| 6. Zibuyile Elna Duma (68) | 14. Nothemba Ntsholo (38) |
| 7. Norah Ntombifikile Sidu (63) | 15. Ntombikaise Zondi (39) |
| 8. Linah Brown (55) | |

Ngenxa yobuqili babantu lapha ngaphandle, uMnyango usuwathatha isinqumo sokulekelela abantu bakithi abadinga usizo lwesikhwama sezingozi i-Road Accident Fund (RAF) uma kuvele izinhlekelele ezinjengalena. Lokhu kwenziwa mahhala ngabasebenzi boMnyango.

Ngakho-ke sinxusa umphakathi wakithi ukuba uqaphele abantu asebephenduke amanqe abasebenzisa usizi lwabantu ukuzicebisa bona. NjengoHulumeni kungumsebenzi wethu ukuhlale singasohlangothini lwalabo abangakwazi ukuzisiza.

Masiphinde sibonge ngethuba sithembe ukuthi iNkosi izosigcina siphephile ezingozini zomgwaqo kusuka manje size sibone unyaka ozayo ka-2012 neminye elandelayo.

**Ngiyabonga.**